PEACE UNITY PROGRESS
MANDENI MUNICIPALITY

# MANDENI NEWS

JULY - SEPTEMBER EDITION | 2 Kingfisher Road, Mandeni, KwaZulu Natal, 4490, South Africa |PO Box 144, Mandeni, 4490 | www.mandeni.gov.za

## BAGOGODILE ABAHLOMULE OHLELWENI LEZINCWADI ZOKUSHAYELA




Mhlaka 02 October 2020, abantu abasha abali-18 abebeyingxenye yohlelo lokuhlinzekwa ngezincwadi zokushayela ngu Masipala bagogodile, lokhu kuza ngemuva kokuba befundiswe ukushayela inkampani yasendaweni eyahlomula nge-tender yokwenza lomsebenzi, iMalume Driving School. UMeya womkhandlu wase Mandeni, **uKhansela Thabani Mdlalose** ubongele labafundi ngokuzimisela kwabo kanye nokubekezela beze bethole izincwadi zokushayela.

Lokhu kuyisiqalo sempilo, ukuba nezincwadi kuwukhiye wokuqasheka kanye nokuba semathubeni okuthi ubuyisele ekhaya nase mphakathini Kubeka uMdlalose.

COVID-19 Stay Safe

WHATSAPP SUPPORT : 0600 123 456
EMERGENCY NUMBER: 0800 029 999

REGULATIONS OF COVID 19
Wash you hands, Sanitize and Wear Mask in Public Area
Social distance is required in public areas

SAY NO TO WOMEN & CHILD ABUSE

# AMADODA ALWISANA NESIHLAVA SOKUBULAWA KWABESIFAZANE






Amadoda amele izinhlaka ezahlukene ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni abambe imashi ngenhloso yokulwisana nesihlava sokubulawa kwabantu besifazane. Le mashi ibanjwe mhlaka 24 September 2020. Ngokohlelo losuku, imashi ibisuka eSibusisiwe Hall yaphelela eSundumbili Police Station lapho kudluliselwe khona incwadi yezikhalazo yaphinde yasayindwa ngamaphoyisa, ubuholi buka Masipala kanye nabaholi bezinhlangano ezizimele ezingenzi nzuzo.

## UZOKWAKHELWA INDLU ONEMINYAKA ELI-101



Inyele esandleni ku gogo oneminyaka eli-101, uGogo Manqele wasendaweni yase Dokodweni ngaphansi kuka ward 1 ngemuva kokuba ehlomule ngendlu eyingxenye yokubuyisela emphakathini kwenkampani yaka Stedone Developments. Lenkampani ngokubambisana no Masipala bazoqinisekisa ukuthi lendlu iyakhiwa ize iphele. Umcimbi wokuphendulwa kwesoyi ubanjwe mhlaka 09 September 2020.

## USAQHUBEKA UMKHANKASO WOKUHLANZWA KWE MANDENI





Usaqhubeka nokuthela izithelo ezinhle umkhankaso wokuhlanza izizinda zomnotho kanye nezindawo zokuhlala ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni. Loluhlelo lwethulwa ekuqaleni kwalo nyaka ngo Masingana ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi zonke izindawo lapho kuhlangana kuphinde kuphile abantu zihlanzekile ngokwanele. Phakathi kwezindawo esezihlanziwe singabala idolobha lase Mandeni nezindawo ezilakhele. Muva nje, uMasipala uqhube lomkhankaso ngokuhlanza endaweni yaka Sithebe, eZavutha mhlaka 18 September 2020.

# BAVALELISWE NGENDUMEZULU YEDILI ASEBESEBENZE IMINYAKA KWA MASIPALA





Abasebenzi abane baka Masipala wase Mandeni bavalelisiwe ngendumezulu yomcimbi kulandela ukuthatha umhlalaphansi. Laba basebenzi bashiye isikhala esikhulu ngenxa yamava abo kanye nokuzinekela emsebenzini wabo, ibalelwa ku 103 uma isihlanganisiwe iminyaka yabo asebeyisebenzile ngokuzinikele ezinjongweni zokufezekisa izinjongo zalo Masipala. Nanka amagama abasebenzi neminyaka asebeyisebenzile; Mnu. Mwandla (Iminyaka eli-18), Nksz.. Parma (Iminyaka engama-23), Nksz. Boshoff (Iminyaka engama-22) kanye no Nksz. Mthiyane (Iminyaka engama-40). Lomcimbi ububanjelwe eSibusisiwe Hall mhlaka 04 September 2020.

# KUBUNGAZWA UNYAKA USODOLOBHA ESEHHOVISINI



Mayor of Mandeni Municipality
**Cllr. Thabani Mdlalose**

Mhlaka 12 September 2020 bekubungazwa usuku lokubekwa kuka sodolobha wase **Mandeni uKhansela Thabani Mdlalose** esikhundleni kanye no **Khansela Lawrence Magwaza** owaqokelwa kwesokuba ngu somlomo walo mkhandlu. Kusukela ngaleso sikhathi, kuningi osekwenziwe ukuphucula izimpilo zabantu base Mandeni ngokuhambisana no mbono njezinjongo zalo mkhandlu.

## UKUTHUTHUKISWA KWE INGQALASIZINDA

Phakathi kwe zingqalasizinda esezithuthukisiwe kusukela ngesikhathi ubuholi obukhona bungena ehhovisi singabala ukulungiswa komgwaqo iNembe Road oguduza emalokishini ase Mandeni, lomgwaqo usuka ngase Boxer uze uyophumela eNembe. Enye yezingqalasizinda ezimbandakanya umgwaqo singabala ukulungiswa kwezimpambano zomgwaqo ezingenela edolobheni lase Mandeni, lokhu sekudlale indima enkulu ekunciphiseni ukubambezeleka kwezimoto.

## UKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI

UMasipala usuqinise amaxhama amamingi okusebenzisana nezinhlaka ezahlukene zomphakathi ikakhulukazi izinhlangano ezingenzi inzuzo, Phakathi kwazo singabala i**House of Hope and Recovery Centre, Ikhwezi Welfare Kanye neVutha Creche** ukukha nje phezulu. UMasipala usaqhubeka nokuba ibhuloho lokuwela izinhlangano eziningi ezinesifiso sokufinyelela kubantu base Mandeni ngenhloso yokubafukula.

## IZIMPENDULO KUBHUBHANE LWE COVID

Kulonyaka, umhlaba wonke ububhekene nenkinga yombulalazwe we COVID-19, lokhu kuphoqelele umhlaba wonke ukuthi uzijwayeze ukuphila ngendlela engajwayelekile, uMasipala wase Mandeni udlale indima enkulu ukuzama ukunqanda ukubhebhetheka kwaleli gciwane, Phakathi kwawo kwalezizinhlelo singabala ukuhambela ema-rank ngenhloso yokuhlanza nokuhlinzeka ngezi bulali magciwane, ama-gloves Kanye nama-mask. UMasipala uphinde wahambela izindawo lapho kuhlangana khona amalunga omphakathi ngenhloso yokuqhuba imikhankaso eyahlukene, esingabala kuyo ukunikezela ngamaphepha olwazi, ukumemezela ngombhobho, ukugqugquzela ukuhlala nokuma nokwahlukana (Social Distancing) Kanye nokunxusa ukulwisana nesihlava sokubolekana ngama mask. UMasipala uphinde wahambela izigodlo zabalaphi bendabuko ngenhloso yokubagqugquzela ukugcina izindawo zabo zihlanzekile njengoba kuqhubeka ukuxegaxegiswa kokuvalwa thaqa kwezwe.

## UKUTHUTHUKISWA KWABANTU ABASHA NEZEMIDLALO

UMasipala wase Mandeni ususebenze ngokukhulu ukuzikhandla ukufukula ezemidlalo, ikhakulukazi lezo ezithathwa njengezemidlalo enganakekile esingabala kuyo ibhola lezinyawo labesifazane, ibhola lomnqakiswano, isibhakela Kanye no karate. Lezinhlobo nhlobo zemidlalo zithole uxhaso ngezinsiza zokudlala Kanye nemifaniswano. Phakathi kokunye, uMasipala usalokhu uqhubeke njalo nokuqhamuka namasu okufukula abantu abasha, Phakathi kokunye ukwakhiwa kwesizinda sabantu abasha esizokwaziwa nge Youth Enterprise Park lapho bezothola khona izindawo zokuqhuba amabhizinisi abo.




# MANDENI MAYOR'S ONE YEAR IN OFFICE













## MANDENI MAYOR'S ONE YEAR IN OFFICE

12 September 2020 marked exactly a year since **Cllr. Thabani Mdlalose** ascended to become the Mayor of Mandeni Local Municipality together with **Cllr. Lawrence Magwaza** who was elected Mandeni Speaker. Since then, a host of projects have either been implemented or completed, all with the aim of changing and advancing the livelihood of the people of Mandeni. All these were done in line with the Municipality's vision, to be a reliable, people-centred and sustainable economic hub by 2030

## INFRASTRUCTURE DEVELOPMENT

Among the infrastructural developments that have happened over the course of one year is the construction of Nembe Road which stretches from Mandeni Boxer precinct through to Nembe Area. Another road construction project is the refurbishment of Mandeni CBD Intersection, this intersection has helped to ease traffic congestion within the CBD.

## COMMUNITY DEVELOPMENT

The Municipality has forged numerous relations with charity organizations operating within Mandeni, namely; **House of Hope, Ikhwezi Welfare and eVutha Creche** to mention a few. The Municipality continues to be the bridge through which good Samaritansí link up with our people from all walks of life. A number of charity organizations have since come forth with the aim of assisting our people.

## RESPONSE TO COVID

This year, the whole world was hit by the COVID-19 pandemic, this forced everyone adjust to the new normal, Mandeni has been instrumental in trying to curb the spread of COVID-19 by rolling out programmes such as the fumigation of taxis at the ranks within the CBD and handing out sanitizers to taxi operators. The Municipality also held numerous outreach programmes such handing out pamphlets, educating community members about the virus, loud hailing within the CBD to remind patrons about social distancing and wearing of masks. The Municipality also visited traditional healers to educate and hand them sanitizers. As the levels continue to be eased, the Municipality has ensured people are informed through our various social media platforms.

## SPORTS & YOUTH DEVELOPMENT

Since 12 September 2019, the Municipality has worked hard to uplift sports, particularly those who have been overlooked, sports such as Karate, Boxing, Ladies Soccer and Netball to mention a few. These sporting codes have been assisted with apparels and equipment. In as far as uplifting Young People from different sectors of life, currently there is an establishment of the Youth Enterprise Park, a hub for young budding business people of Mandeni. The construction of this hub is already underway, the application process for businesses to be housed within the park is also underway.

## KEEP MANDENI CLEAN CAMPAIGN

One of the most important campaigns that has been rolled out in the first 365 days of this council is the Keep Mandeni Clean Campaign, this campaign was launched in February 2020 and has seen our officials, councillors and community leaders roll up their sleeves to ensure we keep our town clean. Every Friday, we go out into the streets, CBD and residential areas to rid them of dirt.

Stay Safe

**WHATSAPP SUPPORT : 0600 123 456**
**EMERGENCY NUMBER: 0800 029 999**

SAY NO TO WOMEN & CHILD ABUSE

**REGULATIONS OF COVID 19**

- **Wash and Sanitize your hands**
- **Wear Mask in Public Area**
- **Practice Social distance in public areas**

MANDENI NEWS

EDITORIAL TEAM
Editor in Chief, **Sizwe Khuzwayo**
Editor, **Mduduzi Manzi**
Content Production and Layout, **Marvellous Zondi**
Contact: **mandenimunicipalcommunications@gmail.com**

**EMERGENCY NUMBERS:**

| | |
|---|---|
| 24/7 HOURS EMERGENCY: | **087 285 1153** |
| WHISTLE BLOWER/CUSTOMER CARE: | **032 456 8263** |
| TRAFFIC LINES OFFICE/BACK OFFICE: | **032 456 8298** |
| ANTI-FRAUD AND CORRUPTION FOR PUBLIC SAFETY: | **086 681 0987** |
| ELECTRICIAN STANDBY: | **0790913960** |